Need an amazing tutor?

www.teachme2.com/matric

Collected and collated by

teachme2

Need an amazing tutor? www.teachme2.com/matric

basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

NATIONAL SENIOR CERTIFICATE

IBANGA LE-12

ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA (FAL)

IPHEPHA LOKUQALA (P1)

NOVEMBA 2022

AMAMAKI: 80

ISIKHATHI: Amahora ama-2

Leli phepha linamakhasi ayi-13.

Need an amazing tutor? www.teachme2.com/matric

IMIYALELO KWABAHLOLWAYO

1. Leli phepha lehlukaniswe IZIQEPHU EZINTATHU:

ISIQEPHU A:	Isivivinyo sokuqondisisa	(30)
ISIQEPHU B:	Ukufingqa	(10)
ISIQEPHU C:	Uhlelo nokusetshenziswa kolimi	(40)

2. Phendula YONKE imibuzo ekuleli phepha.

3. Qala ISIQEPHU NGASINYE ekhasini ELISHA.

4. Dweba umugqa emva KWESIQEPHU NGASINYE.

5. Bhala izinombolo zezimpendulo kahle ngendlela ezihlelwe ngayo kuleli phepha lemibuzo.

6. Shiya umugqa emva kombuzo ngamunye.

7. Qaphela upelomagama kanye nokwakheka kwemisho.

8. Ungahlukanisa isikhathi obhala ngaso ngokwalezi ziqephu:

ISIQEPHU A:	Imizuzu engama-50
ISIQEPHU B:	Imizuzu engama-20
ISIQEPHU C:	Imizuzu engama-50

9. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.

Need an amazing tutor? www.teachme2.com/matric

ISIQEPHU A: ISIVIVINYO SOKUQONDISISA

UMBUZO 1

1.1 Fundisisa UMBHALO A bese uphendula imibuzo ezolandela.

UMBHALO A (OFUNDWAYO)

ISIKHATHI SAMAHOLIDI ASEHLOBO

1 Isikhathi samaholidi asehlobo sibaluleke kakhulu ezweni lethu. Ngalesi sikhathi abantu abaningi abasebenzayo bayaphumula nemindeni yabo. Imindeni emininingi iphana/inikana izipho. Ngalesi sikhathi kukhona imicimbi emininingi eyahlukene eyenziwayo ukubungaza/ukujabulela ukuphela konyaka. Lokhu kwenzeka ehlobo ilanga **likhipha umkhovu etsheni**, kwande imvula kanti izitshalo ziluhlaza zikhombisa impilo. Abantu bashintsha nemibala yezingubo bagqoke/bafake ezinemibala egqamile ezikhombisa ukuthi kusehlobo.

2 Osomabhizinisi benza inzuzo enkulu ngalawa maholidi, kusukela ngenyanga kaLwezi okuyiyona nyanga okuqala ngayo ukuphithizela. Benza imali eningi ngosuku olubizwa nge-Black Friday. Ngalolu suku izimpahla eziningi zisuke zishibhile. Kuyagcwala kakhulu ezitolo. Abanye abathengi bavuka phakathi kwamabili bayolinda ezitolo. Kuthi kuvulwa ezitolo uthole abantu sebedudulana baze bathole ukulimala. Onogada bayasiza ukubahlela bame emigqeni. Izigebengu zithola ithuba lokuntshontsha. Abantu bajabula kakhulu ngalesi sikhathi kuze kufike uNcibijane (New Year).

3 Wonke umuntu usuke esibheke ngamehlo abomvu lesi sikhathi sonyaka. Izikole zivalwa isikhathi eside ukuze izingane zithole isikhathi esanele sokuphumula. Abasebenzayo bathatha ikhefu ukuze babe **nesikhathi sekhethelo** nemindeni yabo. Iningi labo lithola amabhonasi abasiza ukuthi bajabule nemindeni. Abantu abaningi abasebenza kude babuyela emakhaya ukuze bachithe lesi sikhathi esibalulekile sonyaka nemindeni yabo.

4 Kukhona imindeni elondoloza imali unyaka wonke ngenhloso yokuzijabulisa ngesikhathi samaholidi. Imindeni emikhulu ijwayele ukuhlela ukuvakasha ndawonye ukuze nezingane zithole ukwazana kahle. Abanye bakhetha umuzi omkhulu emndenini bahlanganele khona ukwenza imicimbi yokuzijabulisa bendawonye. Ngesikhathi behlangene kuyenzeka kuhlelwe nemidlalo ehlukene ezobenza bazane kangcono.

5 Ngalesi sikhathi salamaholidi oMasipala bahlobisa amadolobha nemigwaqo kube ubukhazikhazi. Izitolo ngokunjalo ziyahlotshiswa ngezihlahla zikaKhisimusi nezinto eziningi. Lokhu kwenzelwa ukuheha amakhasimende, nalaba abathanda ukuhlonipha lesi sikhathi. Abanikazi bezitolo basebenzisa leli thuba ukugcwalisa amashalofu nakho konke okuzobenzela inzuzo enkulu.

Need an amazing tutor? www.teachme2.com/matric

6 Abantu abaningi bayayimosha imali ngalesi sikhathi samaholidi ngenhloso yokujabulisa ababathandayo. Ningi labo lizithokozisa ngokweqile. Bathenga izimpahla ezintsha ezinhlobonhlobo nezingenasidingo. Abanye bayavakasha nemindeni yabo baye ezindaweni ezikude. Abakude nolwandle bashiya imizi yabo bachithe amaholide lapho kunolwandle khona. Lokhu kuthenga kwabantu ngokwedlulele kuba nomthelela omubi kweminye imindeni njengoba abanye abantwana bayaye baswele nezidingo zesikole uma kuqala unyaka. Abanye abazali bagcina beyoboleka imali komashonisa (loan sharks) nasemabhange.

7 Emabhishi kugcwala ngokweqile abantu bangabe besalawuleka/ besavimbeka. Abanye abantwana badukelana nabazali ngenxa yokuphithizela okuba khona. Izwe lethu laziwa kakhulu ngamabhishi athandwayo njengeClifton Beach eseKapa kanye Durban South Beach eseThekwini. Abantu abaningi bakhetha izindawo ezigudle ulwandle ukuchitha lesi sikhathi samaholidi. Abantu babuye bangaqapheli uma bevakashele lezi zindawo kanti ulwandle lubuye lube ingozi. Okunye okubi ukuthi bangalahlekelwa izimpilo zabo ngenxa **yokuyishaya indiva** imithetho yasolwandle njengokubhukuda bedle amanzi amponjwana bagcine sebeminza.

8 Abanye bachitha lesi sikhathi ngokuthokozela ubuhle bemvelo. Ukuba semahlathini nokubuka izilwane zasendle kuyigugu kwabanye ngalesi sikhathi sonyaka. I-Kruger National Park yaziwa kakhulu ngokugcina izilwane ezidume kakhulu nezibizwa ngokuthi yi-Big Five ezifana nezindlovu, amabhubesi, obhejane, izingwe kanye nezinyathi.

9 Emgwaqweni kugcwala kakhulu izimoto. Lokhu kudala izingozi eziningi. Abanye abashayeli abanaso isineke futhi bashayela bengekho esimweni esilungele ukushayela. Amaphoyisa abopha abantu abangawuthobeli umthetho womgwaqo. Abashayeli bamatekisi bagijima kakhulu bejahe ukwenza inzuzo bese bezithola besenkingeni nomthetho.

Asijabule sonke ngalesi sikhathi futhi siqaphele!

[Umbhalo osuselwe ocwaningweni wase uyahunyushwa]

1.1.1 Siqala ngayiphi inyanga lesi sikhathi okukhulunywa ngaso esiqeshini? (1)

1.1.2 Bhala OKUBILI okwenziwa imindeni ngale sikhathi sonyaka, ngokwesigaba soku-1. (2)

1.1.3 Ngokwesigaba soku-1 bagqoka kanjani abantu ukutshengisa ukuthi yisikhathi sasehlobo? (1)

Need an amazing tutor? www.teachme2.com/matric

1.1.4 Khetha impendulo efanele kulezi ozinikeziwe.

Ukuba **nesikhathi sekhethelo** nomndeni kusho ukuba nesikhathi …

A esimnandi.
B esijwayelekile.
C esiphoqelekile.
D esibuhlungu. (1)

1.1.5 Fingqa ngamaphuzu AMATHATHU okwenzeka ngosuku lwe-Black Friday ngokwesigaba sesi-2. (3)

1.1.6 Chaza ngobuhle bokuhlangana kwemindeni ezinganeni ngalesi sikhathi sonyaka ngokwesigaba sesi-4. (2)

1.1.7 Ngokwendaba kungani osomabhizinisi behlobisa izitolo zabo? (2)

1.1.8 Qhathanisa izindlela abantu abazijabulisa ngazo ngalesi sikhathi sonyaka ngokwesigaba sesi-7 kanye nesesi-8. (2)

1.1.9 Chaza lezi zimo zokukhuluma ezilandelayo ezibhalwe ngokugqamile.

(a) Kusuke kusehlobo ilanga **likhipha umkhovu etsheni**. (2)

(b) Balahlekelwa izimpilo zabo ngenxa **yokushaya indiva** imithetho yasolwandle. (2)

1.1.10 Bhala izizathu EZIMBILI ezenza ukuthi ngalesi sikhathi sonyaka kudaleke izingozi eziningi ngokwendaba. (2)

1.1.11 Ngokwendaba, kungaba namuphi umthelela emndeni ukusebenzisa imali ngokweqile ngesikhathi samaholidi? (2)

1.1.12 Phawula ngezindlela okufanele zisetshenziswe ukuvimbela ukuminza kwabantu emabhishi. (2)

Need an amazing tutor? www.teachme2.com/matric

1.2 Bukisisa UMBHALO B bese uphendula imibuzo ezolandela.

UMBHALO B (OBUKWAYO)

Izindlela Abafundi Basemanyuvesi Abasebenzisa Ngazo Imali.

ABAFANA



AMANTOMBAZANE



[Icashunwe ephephandabeni yabe isihunyushwa]

1.2.1 Yini ethengwa kakhulu abafana ngemali ngokwale grafu? (1)

1.2.2 Abafundi bamantombazane bathengani ngemali encane ngokwegrafu? (1)

1.2.3 Kungaba namuphi umphumela kubafundi ukusetshenziswa kwemali otshwaleni? Sekela impendulo yakho. (2)

1.2.4 Ngokucabanga kwakho yini eyenza amantombazane asebenzise imali eningi ukuthenga izinto zokugcoba? (2)

AMAMAKI ESIQEPHU A: 30

Need an amazing tutor? www.teachme2.com/matric

ISIQEPHU B: UKUFINGQA

UMBUZO 2

Fundisisa UMBHALO C ongezansi bese uwufingqa ngamaphuzu ayi-7, ubhale ngezimpawu zengcindezi.

IMIYALELO

1. Bhala ngemisho ephelele. Amagama angeqi/angadluli kwangama-60.
2. Imisho yakho mayibe nezinombolo kusukela kweyoku-1 kuya kweye-7.
3. Bhala iphuzu elilodwa emshweni ngamunye.
4. Ekugcineni kwamaphuzu wonke owabhalile bhala inani lamagama owasebenzisile.

UMBHALO C (OFUNDWAYO)

IZIMPAWU ZENGCINDEZI

Ziningi izifo eziphatha abantu kodwa bagcine bengazi ukuthi ziyini. Ingcindezi ingenye yezifo ezivela ngezindlela ezingajwayelekile. Kumele siqaphele izimpawu ezikhomba ukuthi umuntu unengcindezi.

Wonke umuntu kufanele alale isikhathi esanele. Ukukhathala komzimba ngokweqile, ukungakwazi kwenza lutho nokulala ngaso sonke isikhathi kungezinye zezimpawu zengcindezi. Omunye umuntu uze angafuni ukuvuswa.

Umzimba womuntu uhambisana nendlela adla ngayo. Omunye umuntu uyancipha noma akhuluphale ngendlela ethusayo ngenxa yokushintsha indlela adla ngayo, okungaba ukudla ngokweqile noma ukungadli nhlobo. Lokhu kwenza umuntu agcine esephelelwa amandla.

Ziningi izinto ezenziwa yingcindezi kubantu ezingadala ingozi ezimpilweni zabo. Abantu baba nolaka olubi okwenza basatshwe ngoba bacasuka kalula bese beba nodlame. Lokhu kudinga ukuqashelwa kungaze kube nomonakalo omkhulu.

Abantu abanengcindezi babonakala ngokungazethembi. Ukuzibukela phansi ucabanga ukuthi abantu bakhuluma ngawe nokukhalela ubala enye yezinto abazenzayo. Omunye umuntu akafuni ukuba nabantu ufisa sengathi angaphila emhlabeni wakhe yedwa. Konke lokhu kuseyizinkomba zokucindezeleka.

Baningi abantu abaphelelwa umsebenzi bengalindele. Ukuphelelwa uthando lomsebenzi, ukuvilapha, ukulova emsebenzini nokungabi nandaba nomsebenzi wabo kuhambisana naso lesi sifo. Kungasiza ukukhuluma nabaphathi ukuze uthole usizo noma uthathe ikhefu lokulungisa isimo sakho.

Umzimba nengqondo kudinga isikhathi sokuphumula esanele ukuze kuvimbeke ingcindezi. Lokhu kwenzeka uma ulele. Ngokuvamile umuntu onengcindezi uphupha amaphupho ezinto ezimbi esezenzeka kudala empilweni noma angabi nabo nhlobo ubuthongo. Esimweni sokungalali amaphilisi okulala ayasiza.

Ungavumeli ingcindezi ilawule/ibuse impilo yakho, thola usizo kusenesikhathi.

[Icashunwe ku*Solezwe* yabe isihlelwa kabusha]

AMAMAKI ESIQEPHU B: 10

Need an amazing tutor? www.teachme2.com/matric

ISIQEPHU C: UHLELO NOKUSETSHENZISWA KOLIMI

UMBUZO 3

Bukisisa UMBHALO D bese uphendula imibuzo ezolandela.

UMBHALO D (OFUNDWAYO NOBUKWAYO)

WOZA UZOTITILIZA AMATEKI e-TEKKIE SHOP

Gqoka amateki ephupho lakho ngamanani amangalisayo!

PHUTHUMA!

Abangama – 20 bokuqala bazothola i-*sneaker cleaner* MAHHALA!

Sicela ufike, amateki azobe **ebuthwa phansi.**

Usuku: 28–29 Novemba 2022

Isikhathi: 07:00 ekuseni–17:00 ntambama

Amateki abesilisa nawabesifazane azobe eqala ngama-R250–R500

IMBILA YASWELA UMSILA NGOKUYALEZELA

Shop 126
Bertha Mkhize Street
Durban
4001
Ucingo: 031 304 3565

Isikweletu asivumelekile.

[Izithombe zicashunwe ku*Solezwe* zabe sezihlelwa kabusha]

Need an amazing tutor? www.teachme2.com/matric

3.1 Sitholakala kuphi nendawo lesi sitolo? Bhala ikheli ngokugcwele. (2)

3.2 Bhala isizathu sokusetshenziswa kwezithombe kulesi sikhangiso. (1)

3.3 Bhala ubunye begama elibhalwe ngokugqamile kulo musho olandelayo:

Amateki abesilisa nawabesifazane. (1)

3.4 Bhala incazelo yamagama abhalwe ngokugqamile kulo musho olandelayo:

Amateki azobe **ebuthwa phansi**. (1)

3.5 Khetha impendulo efanele kulezi ozinikiwe.

Isimo sokukhuluma esithi; 'Imbila yaswela umsila ngokuyalezela' sichaza ukuthi:

A Abantu abakhuthele bayalala.
B Abantu abanqena ukuzenzela abatholi lutho.
C Abantu abathanda izinto bayazenzela.
D Abantu abangamavila bathola izinto ezinhle. (1)

3.6 Tomula umusho onolimi oluncengayo kulesi sikhangiso. (2)

3.7 Ngokucabanga kwakho amanani ase-Tekkie Shop angaba namuphi umthelela kubathengi? (2)
[10]

Need an amazing tutor? www.teachme2.com/matric

UMBUZO 4

Bukisisa UMBHALO E bese uphendula imibuzo ezolandela.

UMBHALO E (OFUNDWAYO NOBUKWAYO)



[Sicashunwe ku-google cartoonpics]

4.1 Yini eyenza ukuthi uJoe aguqe? (1)

4.2 Bhala OKUKODWA okukhombisa ukuthi uNomali udiniwe/uthukuthele kule khathuni? (1)

4.3 Bhala izingcezu zenkulumo ezakha leli bizombaxa/ngxube elilandelayo.

umhlalaphansi. (2)

4.4 Qedela lesi simo sokukhuluma ngamagama afanele.

Kulele kunye ukube … (2)

4.5 Bhala umusho ophelele osenkulumweni kaNomali ositshela ukuthi sebethandane isikhathi eside noJoe. (2)

4.6 Abantu abasebancane abafuna ukushada nabantu asebebadala basuke befuna ukudla imali yempesheni yabo. Uyavumelana noma uyaphikisana nalo mbono? (2)

[10]

Need an amazing tutor? www.teachme2.com/matric

UMBUZO 5

5.1 Fundisisa UMBHALO F bese uphendula imibuzo ezolandela.

UMBHALO F (OFUNDWAYO)

IMPILO INZIMA

Kunzima ukuphila esikhathini sanamuhla. Imisebenzi ayikho. Nasemandulo indoda yayiphila ngesithukuthuku sayo. Yayivuka kusempondozankomo iye kolima emasimini.

Ezindaweni eziningi emadolobheni ufica kuvalwe amasango kuthiwa imisebenzi ayikho. Yini engenziwa ngalesi simo ngoba phela nendlala ithe bhe lapha ngaphandle? Lesi simo sinika inselelo enkulu kulabo abasafunda. Izinto zonke zidinga imali ukuze zenzeke. Abafundi mabadlale indima yabo. Umuntu kudinga ukuba avuke azithathe ayofuna umsebenzi ukuze axoshe ikati eziko. UNgqongqoshe wezemfundo wathi, 'Bafundi zimiseleni ekufundeni kwenu.'

Okubalulekile ukukhetha izifundo ezizobenza bazakhele bona amathuba emisebenzi. Lokho kuzoxosha indlala emakhaya. Ngalokho umnotho wezwe uyokhula/uyodlondlobala uma kusukunywa kunokufuna ukwenzelwa abanye.

[Umbhalo wokuziqambela]

5.1.1 Bhala lo musho olandelayo ukhombise ukuphika/ukulandula.

Indoda yayivuka kusempondozankomo. (1)

5.1.2 Guqula isenzo esikubakaki sikhombise impambosi yokwenzeka kulo musho olandelayo:

Ezindaweni eziningi (kuvalwa) amasango. (1)

5.1.3 Gcwalisa isikhala kulo musho olandelayo ukuze uzwakale kahle (isibanjalo).

Indoda … ndoda ngokondla umndeni wayo. (1)

5.1.4 Khetha impendulo efanele kulezi ozinikeziwe esho uhlobo lwendlela yesenzo ebhalwe ngokugqamile kulo musho olandelayo.

Indoda **ingaphila** ngesithukuthuku sayo:

A Indlela esabizo
B Indlela ephoqayo
C Indlela eyamile/encikile
D Indlela yamandla (1)

Need an amazing tutor? www.teachme2.com/matric

5.1.5 Yakha ibizonto elisuselwe esenzweni esibhalwe ngokugqamile kulo musho olandelayo:

Abafundi **badlala** indima yabo. (1)

5.1.6 Hlobo luni lwesakhi esibhalwe ngokugqamile emshweni olandelayo?

Umuntu kudinga ukuba avuke azithathe a**yo**funa umsebenzi. (1)

5.1.7 Bhala isabizwana esitholakala kulo musho olandelayo bese usho ukuthi siluhlobo luni.

Izinto zonke zidinga imali ukuze zenzeke. (2)

5.1.8 Nciphisa igama elibhalwe ngokugqamile kulo musho olandelayo bese ulisebenzisa emushweni ozakhele wona:

Kumele abafundi bazakhele bona **amathuba** emisebenzi. (2)

5.1.9 Sebenzisa umabizwafane kuleli bizo elibhalwe ngokugqamile ukuze kuvele umusho ohlukile kulo olandelayo:

Lokho kuzoxosha **indlala** emakhaya. (2)

5.1.10 Guqula lo musho oyinkulumo-ngqo ube inkulumo-mbiko.

UNgqongqoshe wezeMfundo wathi, 'Bafundi zimiseleni ekufundeni kwenu.' (2)

Need an amazing tutor? www.teachme2.com/matric

5.2 Bukisisa UMBHALO G bese uphendula imibuzo ezolandela.

UMBHALO G (OFUNDWAYO NOBUKWAYO)

[Sicashunwe ku-googlepics, sahlelwa]

5.2.1 Lungisa amaphutha emshweni olandelayo:

Phela kulomuzi ongenhla njalo ngolwesihlanu ebusuku ziyaduma. (2)

5.2.2 Chaza isimo sokukhuluma esibhalwe ngokuqgamile kulo musho ocashunwe enkulumweni kaPule.

Kufanele **sihlanganise amakhanda** sibone esingakwenza singomakhelwane. (2)

5.2.3 Hlobo luni lwesifengqo oluqukethwe yilo musho olandelayo?

Bekudansa izindonga lapha kwami. (2)
[20]

AMAMAKI ESIQEPHU C: 40
AMAMAKI ESEWONKE: 80